

Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek



Confidential



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

UNHLABA/UNHLANGULANA 2024

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-14.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi	(30)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.
5. Faka izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.
6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.
8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40
9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

- 1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)**UKUZITHANDA**

- 1 Ukuzithanda kungachazwa ngezindlela ezehlukahlukene cishe kungaze kushone ilanga lowo nalowo esika elijikayo. Kuyinhlanganisela yezindlela ezahlukene zokuziphatha. Okugqanyiswa kakhulu ukuzihlonipha, ukuzethemba kanye nokuzinakekela. Lokhu kungayisusa impikiswano engenza kucace ukuthi abantu abayi 5
nganxanye bengemanzi. Kuleyo mpikiswano kuningi okungafundwa ngabantu.
- 2 Unyaka nonyaka kufanele uthole okusha ozokwenza ukuze ubukeke umuhle. Ungazivocavoca, ungadla ukudla okunempilo, ungagqoka nezingubo ezifanela umzimba wakho. Sekukaningi abantu becabanga 10
ukuthi ukuzithanda kusho ukugqoka uconse, uziqhole ngamakha emali eshisiwe nokuzicwala ngokweqile. Kuyiqiniso elimsulwa lokho okushiwoyo ngokubukeka kahle kodwa kuyingxenye encane yalokho okuyiqiniso nokulindeleke kumuntu. Kulula ukukhohlisa abantu 15
abangakwazi, uzenze ubukeke umuhle bese bekubona ukuthi uyazithanda kanti basithwe yisithupha. Indlela yokuziphatha iyona eshoyo ukuthi lo muntu uyazithanda noma cha.
- 3 Kuyaye kwenzeke-ke umuntu athi ebukeka emuhle avele akhulume amazwi amabi noma aqhulule inhlamba. Uye ubone ukuthi ayihlabi ngakumisa. Kujabhisa kakhulu ukuzwa inhlamba indiza emoyeni noma 20
uyibone ibhaliwe ezindongweni zomphakathi. Ukuzithanda kusho ukungayithuki inhlamba ngisho noma ngabe ugane unwabu. Ukuhleba nokusongela abantu kungolunye uphawu lokungazithandi. Akusoze nje kwashintsha ukuthi ingwe idla ngamabala. Lowo ozithandayo ngeke acekele amagama abanye abantu phansi ngoba uyakuqonda ukuthi 25
umuntu unesithunzi azalwa naso. Abangenamahloni okuqondisa izigwegwe bakubeka kucace ukuthi kufanele uthathe insipho bese ugeza umlomo wakho ukuze ugcine sewuhlanze yonke le ndawo okudlule kuyona lawo magama alumelayo owaphimisile. La magama enza kuphele ukuhlonipheka kulowo owaphimisayo. Kusuke kuqedwe 30
nguyena ngakho belu ukungazithandi.

4	<p>Insizwa iyayishela intombi ngezindlela ezehlukene. Isebenzisa ulimi olukhethekile bese igcina isinogazi. Isuke iveza ubugagu obugqamisa ukuthi iyazithanda. Uma izithanda, nayo le ntokazi eshelwayo iye ibone ukuthi leli geza le nsizwa elizibikayo lizokwazi ukuyithanda ngeqiniso. Ebudlelwaneni bothando lwababili, ukukhulumisana nokuphathana kahle kububeka obala ubudlelwano babantu ukuthi bukuliphi izinga. Uma bobabili bezithanda, abazithi vu izindaba zabo. Akufuneki lokhu ngisho nje nasemndenini ukuba wena ukhulume izindaba zonke nezingamahlazo zomndenini wakho. Kube nguwe ohlezi wazisa umphakathi ngokwenzekile ngisho nasezinkundleni zokuxhumana imbala. Lokhu kusho ukungazithandi ngoba umndenini wakho unguwena uqobo. Inkulumo engelona iqiniso iyakhombisa ukuthi umnikazi wayo akanandaba ngoba uma ebanjwa, uswela ngisho umgodi wokucasha.</p>	35 40
5	<p>Abangani obakhethayo bangalinyusa noma balehlise izinga lokuzithanda kwakho. Lokhu bangakukhombisa ngokwenza izinto ezinhle njengokufunda, ukusiza emphakathini, ukunakekela abantu abasafufusa ezintweni ezahlukene nokuhlonipha abantu abadala. Ukuzithanda kwabo kungakapakela nakuwena uma ungumngani wabo ngoba nisuke nikhuluma ulimi olulodwa. Kwesinye isikhathi abangani bangakufaka umoya wokungathandwa ngenxa yezenzo ezimbi njengokudla izidakamizwa, ukungalaleli abazali, nokungahloniphi umphakathi. Kuhle ukuba umuntu aqaphele uma esekhetha abangani ukuze bangalehlisi izinga lakhe lokuzithanda.</p>	45 50
6	<p>Ukuzithanda komuntu akunabulili, nabuhlanga naminyaka. Lokhu kumenza angakhathazeki uma egxekwa ngabantu ngoba usuke ekuqonda ukuthi ungubani futhi uphokophelephi. Izenzo zakhe ezinhle zimenza angazingabazi kukho konke akwenzayo. Umuntu ozithandayo usuke ekwazi ukubabona abantu abamgxeka ngokwakhayo. Ngakho-ke uye azithathe izeluleko zabo bese uyabonga ukuthi labo bantu bakhombisa ukumthanda ngoba bamtshela emehlweni uma ephuma eceleni njengojosaka kunokuba bamhlebe.</p>	55 60
7	<p>Abanye abantu abanalo ulwazi lokuthi umuntu ozithandayo uyakujabulela ukuzihlalela yedwa, hhayi ngoba eyinkomo edla yodwa. Usuke efuna ukwenza lokho akukhonzile okungaba ukufunda izincwadi noma lokho anekhono lakho njengokupheka noma ukudweba izithombe nokunye ngaphandle kokuphazanyiswa. Akulula ukuqonda lolo hlobo lwabantu. Kusuke kuwukuphumuza umqondo futhi kuvuselele nomzimba odinga ukuthandwa nawo ukuze umthwale kahle umnikazi wawo. Kuye kube khona abantu abakhombisa ukuzithanda ngokuzithengela izipho. Umuntu umuzwa ethi, 'Ngithe nje ake ngizibonge noma ngizijabulise ngalesi siphopho.' Lezi zipho ziqala kwezincane zize zifinyelele kwezinkulu ezinjengezimoto, indlu entsha nokuvakashela kude.</p>	65 70


- 8 Kubalulekile ukuba kugqugquzelwe ukuzithanda ezweni. Lokhu 75 kungasindisa nesizukulwane kuzinswelaboya ezingenanembeza ezenza izinto ezimbi ziphindelela, zingakhethi bala lamuntu. Isizwe esizithandayo futhi esaziyo ukuthi kuhlonishwana kabili sivamisile ukuphumelela.

[Umbhalo wokuziqambela]

KANYE NO

Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)



[Zithathwe ku-www.bing.com/images zabuye zahlelwa kabusha]

IMIBUZO YOMBHALO A (OFUNDWAYO)

- 1.1 Tomula isimo sokukhuluma esichaza ukuthi abantu abasoze bavumelana ngaso sonke isikhathi. Bhekisa impendula yakho esigabeni soku-1. (1)
- 1.2 Yiziphi izinto EZIMBILI ongazenza ukuze uhlale ubukeka umuhle? Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-2. (2)
- 1.3 Nikeza okungumehluko okushiwo isigaba sesi-3 kanye nesigaba sesi-4 mayelana nokusetshenzisiwa kolimi. (3)
- 1.4 Chaza kafushane isizathu esingenza ukuba abantu abathandanayo bahlale ngokuzwana. Bhekisa esigabeni sesi-4. (2)
- 1.5 Khetha impendulo engashayi emhlolweni emayelana nokuzithanda kulezi ezilandelayo:
- A Incwasimende
B Igokama
C Idlabha
D Igeza (1)
- 1.6 Ngabe iyini inhloso yombhali yokubhala lesi siqephu? Sekela ngamaphuzu amathathu. (3)
- 1.7 Chaza ukuthi umuntu oyisoka angabonakala ngaziphi izindlela ukuthi uyazithanda. (2)
- 1.8 Ucabanga ukuthi abangani bangalehlisa kanjani izinga lokuzithanda? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.9 Ngokwakho ukubona ngabe umbhali uqondeni ngamazwi abhalwe ngokugqamile atholakala esigabeni sesi-7. (2)
- 1.10 Ake uncome indlela aphethe ngayo umbhali ubhekise ekusetshenzisweni kwesimo sokukhuluma esidwetshelwe esigabeni sesi-8. (2)

KANYE NO**IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)**

- 1.11 Shono ukuthi yini eyenzeka esithombeni soku-1. (2)
- 1.12 Chaza kafushane ngokwenzeka esithombeni sesi-2 kanye nesesi-3. (2)
- 1.13 Qhathanisa okufanayo okutholakala EMIBHALWENI A isigaba sesi-5 ukuyamanise nokufunde EMIBHALWENI B isithombeni sesi-4. (4)
- 1.14 Ngabe isenzo sowesifazane esitholakala esithombeni sesi-4 samukelekile yini? Sekela impendulo yakho. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nokulungiselela ukucima kukagesi.

IMIYALELO:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nokulungiselela ukucima kukagesi usebenzise amagama akho angedluli kwangama-70.
2. Fingqa **ngesigaba KUPHELA**.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C**UKULUNGISELELA UKUCIMA KUKAGESI**

Sekuyinto evamile eNingizimu Afrika ukuhamba kukagesi kungazelele muntu. Yize kunjalo sezikhona izindlela ongazisebenzisa ukulungiselela lesi simo. Sekuhlalukile ukuthi inkinga yokucimakonga ayizunqandeka njengamanje. Ungazilungiselela ngokuthi ufake isola endlini ezosebenza uma kuhamba ugesi. Lokhu ungakwenza ngamalambu esola ongawabeka engadini noma kudeshibhodi yemoto ukuze athole ilanga.

Izitofu ezisebenza ngegesi seziqala ukuba yintandokazi kwabanye abantu abakha amakhaya amasha kanye nalabo abalungisa amakhishi abo. Lezi zitofu zehlukanisiwe, kukhona ezinkulu nezincane zokupheka nezokukhempa. Kungaba kuhle ukuthi ube nesitofu esisebenzisa igesi. Ngokwenzenjalo ungakwazi ukupheka nokubalisa amanzi uma kuhambe ugesi.

Uma ugesi uhamba isikhathi eside, sebenzisa izigubhu zeziphuzo ezibandayo nezejusi ezingenalutho uzifake amanzi bese uzifaka esiqandisini esinamandla ukuze zibe ngamaqhwa. Lokhu kungasiza ngokuthi ubeke ukudla kwakho phezu kwalezi zigubhu ukugwema ukulahla ukudla osekona ke.

Abanye abantu bayesaba ukuhlala ngobumnyama ngenxa yobugebengu osebudlangile kulezi zinsuku. Thola amathoshi namalambu asebenzisa amabhetthri ukhanyise umuzi wakho. La malambu namathoshi aphephile kakhulu kunamakhandlela. Yiwona asiza kakhulu abazivocavocayo bagijime ngokukhululeka ukugwema ukuhlangabezana nezingozi ezahluahlukene nokugcwelezwa ebumnyameni. Angisaphathi-ke kulabo abashayisa ebusuku nabangena kusemnyama kakhulu emsebenzini nabo bayasizakala, bahamba bengesabi njengoba la malambu ekhanyisa kuthi bha.

Imiphakathi seyihlukumezeke kakhulu ngalesi simo sokucima kukagesi. Yenza imizamo yokuthi ithole amajeneretha azosebenza uma kuhambe ugesi. Lokhu kusiza ekukhanyiseni indlu yonke, iphinde ixhume nezinto ezingawudli kakhulu ugesi njengokukhanyisa iziqandisi nokudlala umabonakude.

Abanye abantu nosomabhizinisi abanezimoto abahlukani namashaja omakhalekhukhwini ezimotweni. Basebenzisa le ndlela ukwenza isiqiniseko sokuthi uma ucima ugesi bangahlukumezeki ngokuthi kunqamuke ukuxhumana nemindeni noma nezinkampani abazisebenzelayo nezibathumelela imikhiqizo.

Ngokwenkampani i-Eskom *Energy calculator* kufanele uthenge izinto ezingawudli ugesi. Ziyabiza kakhulu kodwa ziyasiza ekongeni ugesi. Ziphinde zibe namakhebula avikela ugesi ukuthi uma ubuya zingashi izinto ezisebenza ngogesi. Sekuvamile ukuthi kushe imizi kufe abantu bengazelele. Ayisaphathwa-ke eyokulahlekelwa izinto ezahlukene ezisebenza ngogesi uma zingakhishwanga emapulakini.

[Sithathwe ku-www.googlenews sahunyushwa kabusha]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

THOLA IMIKHIQIZO YOBISI ECONSISA AMATHE!

JUDI RESTAURANT
Shop No.27 Nagle Square Montclair Durban 4001
Cell No: 0844690073



**Yenziwe ngokhilimu,
i-vanilla kanye ne-
strawberry!**

**Hlala Ubanda qa umzimba
wonke.**

Iconsisa amathe!



- U-ice cream onambithekayo!
- Ama-milkshake anhlobonhlobo!
- U-pudding omnandi!



Qaphela: Uyakhuluphalisana uma uwudla ngokweqile!

[Sithathwe ku-www.bing.com sahunyushwa kabusha]

- 3.1 Tomula ulimi olukhohlisayo olutholakala kulesi sikhangisi. (1)
- 3.2 Bala imikhiqizo EMIBILI etholakala kulesi sikhangisi. (2)
- 3.3 Chaza ngokusetshenziswa kwefonti eyahlukene kulesi sikhangisi? (3)
- 3.4 Ucabanga ukuthi isimo sokukhuluma esitholakala kulesi sikhangisi sisetshenziselweni? (2)
- 3.5 Ngokucabanga kwakho kungani kusetshenziswe isithombe sesithelo sama-strawberry kulesi sikhangisi? Sekela impendulo yakho. (2)
- [10]**

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**OWESILISA UMHLELI, OWESIFAZANE IGAMA LAKHE UNANA****SHUTHA NANA!**

IFREYIMU-1



IFREYIMU-2



IFREYIMU-3



IFREYIMU-4



IFREYIMU-5



IFREYIMU-6



IFREYIMU-7

[Sithathwe ku-www.googlepics sahungyushwa]

- 4.1 Igama elidwetshelwe efreyimini yoku-1 lisetshenziselweni? (1)
- 4.2 Chaza kafushane umuzwa ovezwa yintombazane efreyimini yesi-2 neyesi-7 kule khathuni. (2)
- 4.3 Ucabanga ukuthi iyini inhloso yomdwebi wale khathuni ngesenzo sentombazane sokuthatha izithombe kube kusha umlilo? (2)
- 4.4 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo:
Shono ukuthi le khathuni ihleleke kanjani.
- A Inkinga nesixazululo
B Ukulandelana kwezehlakalo
C Ukuqhathanisa nokwehlukanisa
D Isisusa nempendulo (1)
- 4.5 Chaza ukuthi amazwi atholakala esibiyelweni esisefreyimini yesi-6 akwelekelele kanjani ekuqondeni le khathuni? (2)
- 4.6 Phawula ngoteku olwethulwa ngumdwebi efreyimini yesi-7 kule khathuni. (2)
- [10]**

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F**UMNANDI WE BUTHONGO!**

Umnandi buthongo ngoba awujulukisi muntu, awuxoxisi muntu futhi ungxabanise muntu. Yingakhoke kubalulekile ukuthi umuntu alale ngokwanele okungenani amahora ayisishiyagalombili ikakhulukazi uma esakhula. Akuve kubuhlungu ukuqwasha kuze kuse gelekeqe ungazange ubuthi qothu. Umzimba ululeka uthi thwi kamnandi uma ukwazile ukulala uze ufise ukuthi ungabe usavuswa. Babo ungavuswa? Kuphi la? 5
Usuke uzodlani uma uhlalele ukuhuqa ubuthongo? IsiZulu sithi, 'Ayikho inkomo yobuthongo.'

Kuqaqamba inhliziyo uma sekunkeneneza i-alamu esuke icushwe nguwe. Inyonkolozwa ngelibi iso **leli**. I-alamu esuke isibelesele baze bayinxaphela abanye. Basuke benengwa ukuthi ibaphazamisa ebuthongweni babo obumnandi. Ngisho 10
nokuyizingane uma zivuswa ziya esikoleni, zikhala ubumayemaye zikhalela khona njalo ukuvuswa zisalele. Hhiya! Chizela ubuthongo lobo ubutshele buhambe bujubalale usayozisebenzela wena. **Phela siyeza isikhathi esibi esingeke savinjwa muntu lapho umuntu eyolala umphumulela wafuthi**; okuyobe kungubuthongo bokufa.

[Umbhalo wokuziqambela]

- 5.1 Nikeza igama elimqondophika laleli elibhalwe ngokugqamile emgqeni woku-1 bese ulisebenzise emshweni ozakhele wona. (2)
- 5.2 Lungisa igama elidwetshelwe emgqeni wesi-2 selikhombisa ubhalomagama olufanele. (1)
- 5.3 Phinda ubhale umusho odwetshelwe otholakala emgqeni wesi-4, usuqukethe umqondo wenkathi ezayo. (1)
- 5.4 Khetha impendulo eshaya emhlohlweni.
- Isakhi esidwetshelwe emgqeni wesi-6 sisetshenziselweni?
- Sisetshenziselwe ukuveza umqondo ...
- A wesiqalo sebizo
B wendlela esabizo
C wesimo sokukhuluma
D wesimo sokwenzekayo (1)
- 5.5 Chaza ukuthi isaga esisemgqeni wesi-6 kua kowe-7 sisetshenziselweni? (1)
- 5.6 Sebenzisa igama elibhalwe ngokugqamile elitholakala emgqeni wesi-9 emshweni ozakhele wona selikhomba buqamama. (2)

- 5.7 Emsweni omagatshagatsha obhalwe ngokugqamile, khipha imishwana emibili ekhonzile.

(2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70